



**UNGQONGQOSHE wezokuHlaliswa kwaBantu KwaZulu-Natal uMnuz Ravi Pillay nezikhulu zikaMasipala uBuhlebezwe ngesikhathi kuvulwa ngokusemthethweni uhlelo lwezindlu zomxhaso eJolivet izolo**  
Isithombe: SITHUNYELWE

## Kwethulwe uhlelo lwezindlu oludle uR59m

### INTATHELI YESOLEZWE

INDAWO yaseJolivet ishintshile ngemuva kokuthi uNgqongqoshe wezokuHlaliswa kwaBantu KwaZulu-Natal, uMnuz Ravi Pillay, izolo ethule ngokusemthethweni uhlelo lwezindlu zomxhaso oludle uR59 million ku-ward 7 kuMasipala uBuhlebezwe.

Izindlu ezingu-500 zethulwe nguPillay neMeya yaseBuhlebezwe uMnuz

Zamo Nxumalo.

Izindlu ngezesigaba sesibili ngaphansi kohlelo uMfulomubi.

Zakhiwe ngokomyalelo woMnyango wezokuHlaliswa kwaBantu othe kumele ziplasitelwe ngaphandle ziphinde zifakwe ngesi.

Ngaphambi kokuba kwethulwe uhlelo loMfulomubi, uPillay noNxumalo baphinde banikela ngezindlu ezimbili emindenini entulayo.

Ukuphela kwesigaba sesibili salezi zindlu kulandela ukuqedwa ngempumelelo kwezindlu ezingu-500 zesigaba sokuqala.

UPillay uthe umnyango wakhe uyaqhubeka nokuyakhela izindlu imiphakathi ehlukeni esifundazweni.

Uthe bajabule ngendlela izinhlelo zentuthuko ezihamba ngayo.